



Season of Creation

Isizulu

UMKHULEKO WOKUBONGA WENDALO

INkosi inani

Inawe futhi

Yenyusani izinhliziyu zenu

Sizenyusela eNkosini

Asiyibonge iNkosi uNkulunkulu wethu

Ifanele ukubongwa nokudunyiswa

Wakhuluma izwi konke okusezulwini nasemhlabeni, kwadaleka. uMoya wakho wazulazula phezu kwakho konke, walethu ukuphila ngesi ngezindlela ezingenakubalwa, okubala kuzo lomhlaba obunileyo, Kanye nathi esiphakathi kwezakhamuzi. Njengoba izolo lethu likuwe, kanjalo nethemba lethu langomuso. Njengoba siye saphendukela endleleni yakho , ngakho thina sibuyele imfudumalo yothando lwakho . Ngawe zonke izinto zinikwa impilo entsha .

Manje sesiyakubonga ngobukhazikhazi bemvelo yakho osinike yona ukuba siyinakekele, nangamathuba esinawo wokuphana ngengcebo nabantu bonke.

Manjeke ngezimangaliso zemvelo Kanye neculo lendumiso yonke imvelo esemhlabeni nesezulwini ikudumisa manje nanini sithi

Ungcwele, ungcwele.....

Ngokuba ngobusuku akhashelwa ngabo wathatha isinkwa, imisebenzi yezandala zabantu, isipho somhlaba wabonga uNkulunkulu. Wahlephula isinkwa ekhulumisana nathi ngohlephula umzimba wakhe esiphambanweni. Wanika abangani bakhe wasethi: Thathani lokhu nidle; umzimba wami lo onikelelwe nini. Yenzani lokhu ukuba ningikhumbule.

Emva kokudla wathatha nesitsha, esiwumsebenzi wezandla zethu, esiyisipho somhlaba, wabonga kuNkulunkulu ongumdali. Wathela iwayini ukuze akhulumisane nathi ngokuthela igazi lakhe. Wanika abangani bakhe ethi: ligazi lami leli lesivumelwano esisha, elophiselwa nina nendalo yonke ukuba nithethelelwe izono. Nalapho niliphuzayo ningikhumbule. Ngakho simemezela imfihlakalo yokukholwa sithi:

UKristu wafa

UKristu uvukile

UKristu uyophinda afike futhi

Ngakhoke, Baba oNgcwele, thina esifuna ukubuyiselwa kwakho; sifuna nokubuyiselwa komunye nomunye; sethemba nokubuyiselwa nendalo yakho, sondela kulezizimfihlakalo. Ngokuhleshulwa, nokugcwantshwa impilo yaqala kabusha futhi. Ekuhlephuleni, kunokuvuleka; ekuchithekeni, kunokuzempande zokwabelana; ekufeni nasekungcwatshweni, kunembewu yokuphila okusha okuzayo.

Njengoba sibuka umhlaba wethu, nasezimpilweni zethu, nasezinhlizweni zethu, ukubuya kwesibili kweNdodana yakho, sigcine eduze nemibono esiyibonile. Ngokupha sinkwa Kanye newayini, sibuyisele emhlabeni mase usipha ukuhlephuka simunye, ukuhlukana simunye, Kanye nokuvuka ekungcwatshwa ukuthi sikwazi ukubuyisela indalo yakho sigcwalise nentando yakho

Thumela kuthina, nakuyoyonke indalo, impilo enoMoya yokuphana owaqala wanyakaza emanzini ajulile. Vuselela kithi amanzi ajulile. Vuselela kithi ukwazi ukhiphe umoya wokubhubhisa. Sihlanganise nawe ngomzimba nangezazi leNdodana yakho, izwi lakho lenziwe umzimba njengoba izwi lakho lingumzimba.

Kanye naye, nakuye, nangaye, ekuhlanganyeleni koMoya weNdalo, nakhokonke okwakukhona, nokukhona, nokuyobakhona emhlabeni, simi phambi kwakho sikudumisa, Nkulunkulu wakho konke, ekuhlabeleleni okungunaphakade.

Lungolwakho udumo nokuhlonishwa, phakade naphakade. Amen

IMVELO EHLUKAHLUKENE

Lenkonzo ingenziwa nango Oct 4th – St Francis Day

Njengoba uza ngaphambili ukuzokwamukela, kunokushabelela ungadlala umculo wezinyoni okuyinkomba yokukhonza nemvelo

Izingane: Izingane zingadweba izithombe zezilwane Kanye nezitshalo mase ziziletha altare

Ngokuba konke okudalwe nguNkulunkulu kuhle; akulahlwa lutho, uma kwamukelwa ngokubonga, ngokuba kungcweliswa ngezwi likaNkulunkulu nomkhuleko (1 Tim 4:4,5)

Ukuvuma: Siyavuma ukuthi asiwuphathanga kahle umhlaba nakho konke okukuwo.

Iculo: Nika udumo ngemisebenzi kaSimakade, indalo, izilwane, izitshalo nakho konke okudalwe nguye.

IKholektha

Nkulunkulu mdali wethu

Ngothando lwakho oluphuphumayo wadala konke

Ngokuceba okwahlukene nobuhle obukhulu

Waphinde wasethemba ngokuthi sikunakekela

Sisize ukuthi sikwazise ukunakekela osinike khona

Ukuze sizokugcina kuyizibusiso kubobonke abantu nangasosonke isikhathi

NgoJesu Kristu iNkosi yethu

Okhona ebusa nawe Kanye noMoya oNgcwele

Nkulunkulu munye, phakade naphakade.

Isifundo sokuqala	Job 28: 1 - 11	Cabanga yonke imininingwano oyinikiwe ngendalo Kanye nesibusiso ukuyikho kubantu
Ihubo	Psalms 148	Indalo yonke ihlanganyela hubo linye idumisa uNkulunkulu,

Isifundo Sesibili	1 Tim 4: 1 – 5	Konke okwenziwe uNkulunkulu kuhle. Akukho okungcolile
Canticle	Canticle 6	Iculo lendalo – APB p 346
Ivangeli	Matthew 6:25 – 33	Isiqiniseko sikaNkulunkulu entshumayelweni yasantabeni ukuthi konke okudaliwe kuhle futhi kumele kunakekelwe

ISIBUSISO

Hamba uyemhlabeni ujabulile
 Uhlangane nomdali wakho okulindile
 Ujabule ngencebo nakho konke okusezweni ngokuhlukana kwakho
 Phila emandleli kaMoya oNgcwele
 Nasesibusisweni somdali
 uYise, indodana evukileyo Kanye nesithembiso sikaMoya Ongcwele
 Busiseka kukhona uzoba yisibusiso nakwabanye.
Amen

WEEK TWO: UMHLABA

Izithelo Kanye nezitshalo azizungeze altare
 Sebenzisani isinkwa esibhakwe omunye yemindeni Kanye newayini lakho lapha
 Ekupheleni kwenkonzo hambani noyohlanza umphakathi nokhombisa ukuthi umhlaba ngokaNkulunkulu
 Izingane – Izitshale imbewu esitsheni seyoghurt ngamafutha bezikhulisele bona

Umusho wokuvula : Unhlaba ungokaNkulunkulu (Psalm 24)

Ukuvuma: Gxila ngokuhlukumazeka komhlaba, Kanye nenhlabathi ebhubhiswe izindlela zethu zokutshala

Iculo: Bonga ngomhlaba esiphila kuwona nakho konke okukuwo

IKholektha:

Nkulunkulu Somandla

Wadala izulu nomhlala

Nakho konke okukuwo

Wathembisa abantu bakho izwe ilingelabo

Sinike sonke inhlonipho yakho konke okudalile

Ukuthi sihloniphhe izidingo nezifiso zabobonke

Ukuthi bathole indawo emhlabeni wakho

NgoJesu Kristu iNkosi yethu

Okhona ebusa nawe Kanye noMoya Ongcwele

OnguNkulunkulu munye, phakade naphakade. Amen

IZWI LIKANKULUNKULU		
Isifundo Sokuqala	Genesis 12: 1 – 10	Ubizo lukaAbrahamu lokuya ezweni lesethembiso
Ihubo	Ihubo 126	Injabulo yesivuno, okuqhamuka ekusebenziseni ngendlela umhlaba
Isifundo Sesibii	Acts 4: 32 – 37	Umusa kaBarnabas ngokudayiswe kwendawo Kanye nomunikelo wakhe ephakatini
Izihlabelelo	Izihlabelelo 4	Iculo LikaHezekeli
Ivangeli	Mark 4: 26 - 34	Emfanekisweni kaJesu ukhomba imvelo Kanye nezinto abalaleli bakhe abazibonayo

ISIBUSISO

Sengathi Unkulunkulu ongoBaba engakubusisa
 Owaqala ukutshala enhlizweni yakho imbewu yokuphila
 Sengathi noNkulunkulu ndodana engakubusisa
 Okondla ngemvula Kanye nothando lokukhanya
 Sengathi noNkulunkulu owuMoya Ongcwele engakubusisa
 Osisondeza ekugcwaleni kwempilo
 Sengathi nesibusiso sobuthathu bukaNkulunkulu kungaba nawe njalo nje
 Ukuthi ube isibusiso nakwabanye.

Amen

WEEK THREE: AMANZI

Ungasebenzisa indawo yokubabathisa ngesikhathi senkonzo, Isibusiso Kanye neMvumo ingashiwo phambi kwayo. Ibandla lingadlula eduze kwayo emva kwesidlo liziphawule ngophawu lwesiphambano ngamanzi akuyo
 Abantu bengafafazwa ngamanzi esibusisweni sokugcina
 Phambi kweSidlo bakhumbuze ukuthi sifaka amanzi kwiwayini, ngakho kumele sikhumbule ukuthi amanzi ayibusiso esivela kuNkulunkulu.

Izingane – zingahlobisa izinkomishi zamaphepha ezithi “Amanzi ayibusiso esivela kuNkulunkulu”. Bengazinikezela ekuvaleni ompompi uma bexubha okuncono besebenzise inkomishi

Umusho wokuvula : (Ihubo 65:9)

Ukuvuma: Vuma indlela omosha ngayo amanzi Kanye nokuwancolisa kwakho Kanye nokucoliswa abawasebenzisayo

Iculo: Kungaculwa noma yiliphi iculo elihlangene nesiqubulo samanzi

IKholektha:

Nkulunkulu onomusa

iNdodana yakho inguthombo wamanzi

Siphe ukuthi isipho sobuNgcwele bayo sisigqugquzele

Ukuthi sibonge lesisipho osibusise ngaso

Sifunde nokusisebenzisa ngendlela ukuze sotholwe yibo bonke

Siphokophele ekuqinisekeni kokuthi bonke bayasithola lesisipho

NgoKristu oyinkosi Kanye noMsindisi wethu. Amen.

Isifundo Sokuqala	Exodus 17: 1 – 7	Abantu abasehlane bomule futhi bayakhononda kuNkulunkulu. uMose ushaya itshe kuvela amanzi, indawo yaqanjwa ngokuthi Massah ne Meribah ukuba khumbuza umbuza wokuthi, “Ngabe uNkulunkulu usenathi yini noma qha?”
Ihubo	Ihubo 65: 4 – 13	Amanzi asezinhlizweni ezibongayo ngokuhlinzekelwa umhlaba
Isifundo Sesibili	Revelation 22: 1– 5	Umbono wezulu oletha ukuphila nokukhula nokugcina ukuphila kobuntu. Isidingo esibalulekile kubantu bonke amanzi, lawo azogqugquzela, agcine impilo ngokugcwala kwayo. Lokhu kungangcolisela kalula futhi kungaletha izifo Kanye nokufa
Ivangeli	John 4: 4 – 15	Jesu unukeza “ngamanzi okuphila” kumuntu wesifazane osemthonjeni, Njengoba siding amanzi ukugcina izimpilo zethu, ngokunjalo ukuvuselelwa kukaMoya oNgcwele kubalulekile okholweni lwethu.

ISIBUSISO

Nkulunkulu, ongumthombo wakho konke okuhle nokukhulayo

Gcwalisa isibusiso kukho konke okudaliwe

Nakunina, bantwana bakaNkulunkulu

Ukuze ukusebenzisele udumo lukaNkulunkulu nokuphila kwabantu bonke

Sengathi uNkulunkulu uYise, owakhuluma kwabakhona amanzi

NoNkulunkulu iNdodana, opha amanzi okuphila bonke abawamukelayo

Kanye noMoya oNgcwele, osivuselela imihla nemihla

Akubusise ukuze nawe ube yisibusiso kwabanye, namuhlanje nanjalo nje.

Amen

(ibandla lingafafazelwa ngamanzi)

WEEK 4: UKUGUQUKA KWESIMO SEZULU

Kunezimbali, ungabeka amahlumela omile noma izimbali ezifile

Izingane: Zingenza amaphosta ukukhombisa ukuthi zingawonga kanjani ugesi Kanye nophethiloli

Umusho wokuvula: Umhlaba woma nokukuwo komelela.....umhlaba wangcola ngenxa yabantu bawo.

(Isaiah 24:4-5)

Ukuvuma: Vuma indlelao esibhubhisa ngayo umhlaba kaNkulunkulu ngokunquma izihlahla, ukumosha Kanye nokusebenzisa ngokweqile ugesi.

Iculo: Kungakhunya ngobunceku, nokunakekela konke okwenziwa uNkulunkulu
IKholektha

Nkulunkulu Somandla

Wadala izulu nomhlaba

Nakho konke okukuwo

Wadala umuntu ngomfanekiso wakho

Kwabakuhle

Siphe amandla okubona ukwahluleka kwethu ekunakekeleni indalo

Kuthi ngomusa wakho wenza konke okusemandleni ukumisa kokungahloniphi indalo yethu

NgoJesu Kristu iNkosi yethu

Oweza ukuze sibenempilo ngokugcwala kwayo. Amen

Isifundo Sokuqala	Genesis 6:11-14; 7:11-8:4; 9:8-15	uNkulunkulu usindisa umndeni owodwa emkhunjini kaNoah, kodwa usindisa izilwane eziningi. Futhi uNkulunkulu wenza isivumelwano nowabaphilisayo sokuthi akayophinde futhi abhubhise umhlaba
Ihubo	Ihubo 24:1-6	Umhlaba ongokaNkulunkulu, futhi ufuna abanezinhliziyo Kanye nezandla ezihlanzekileyo ukuba behlanganyele kwindalo yakhe
Isifundo Sesibili	Romans 8: 18 – 27	Imvelo iyabubula ngobuhlungu, futhi ilinde abantwana bakaNkulunkulu ukuba bevezwe. Yisikhathi sethu lesi sokuthi sime, simele ukulanyiswa kwendalo
Izihlabelelo	Canticle 6	A Song of Creation - APB p 346
Ivangeli	Mark 16: 1 - 8	Ukuvuka kukaJesu kwabafileyo kusikhumbuza ukuthi kukhona ukuphila emva kokufa, nethemba emva kokubhujiswa

ISIBUSISO

Hamba ngethemba lokuthi usindisiwe

Mdumise uNkulunkulu kuyoyonke indalo

Landela uKristu okwenziwa ngaye konke

Emandleni kaMoya oNgcwele yiba yithemba emhlabeni

Nesibusiso sikaNkulunkulu uMdali

uYise ophakade, neNdodana eyavuka kwabafileyo, nesethembiso sikaMoya oNgcwele

sikubusise ukuze ube yibusiso nakwabanye manje nanjalo nje.

WEEK 5: ISIDINGO HAYI UKUHAHA

Kulelisonto cela abantu ukuthi bephathe izimpahla ezizonikwa abaswele. Lokhu kungabekwa ealtare. Bapho kokuqala kwenkonzo bakhumbuze ukuthi umuntu ngamunye uthatha sidlo sinye, sonke simunye emhloneni kaNkulunkulu. Babuze ukuthi bengazizwa kanjani uma umuntu oyedwa engathatha izidlo eziyishumi.

Izingane: Zicele ukuthi zenze okudliwayo mase zipha ibandla emva kwenkonzo. Babuze ukuthi bazizwe kanjani amva kokupha

Umusho wokuvula: Abantu baqoqa imana, kwathi uma isikalwa, labo ababeqoqe ngokweqile kwakungekho lutho olwalusele nalabo ababeqoqe kancane abazange besalelwe yilutho. Baqoqa ngokwezidingo zabo. (Exodus 16:18)

Ukuvuma: Sivume ukufuna okungaphezulu kwalokhu esinikwe khona nobugovu bethu komakhelwa nakwindalo

Iculo: Kungakhululwa ngobudlelwane

IKholektha

Nkulunkulu ophakade

Uqhelisa iminyaka ngomusa wakho

Usiphe izitshalo zomhlaba ngezikhathi zazo

Senze sizisebenzisele umbuso wakho

Ukuze kukhululwe labo abadingayo

Kanye nathi ngokunjalo

NgoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen

Isifundo Sokuqala	Exodus 16: 13 – 21	uNkulunkulu unikezela izigwaca kubantu bakhe ebusuku Kanye ne mana ekuseni, eyanele yonke imindeni. Kodwa abanye babo bathatha ngaphezulu, bakugcina kwaze kwawusuku olulandelayo, kwase kuyonakala
Ihubo	Ihubo 104: 26 – 35	uNkulunkulu unikeze izidalwa ukudla
Isifundo Sesibili	2 Corinthians 9: 6 – 15	Abahluphekile bengasekelwa
Isihlabelelo	Canticle 4	The Song of Ezekiel – APB p 344
Ivangeli	Luke 12: 13 – 21	Uzoziphendulela kuNkulunkulu ngonakho. Impendulo yomuntu ukuthi yini “mina” engikutshalile, yini “mina”enginayo futhi “ngingasizakala” kanjani ngakho. uNkulunkulu wasethi, “Nina zilima”

ISIBUSISO

Nkulunkulu ongumdala ungumboneleli wezidingo zakho
Kristu uMsindisi ungumqali wazonke izibusiso

uMoya oNgcwele ungamandla aphilisa ubufakazi bakho
hamba ngethemba uyosebenza egameni likaNkulunkulu
nesibusiso sikaNkulunkulu omdali wezinto zonke
uYise ophakade, neNdodana eyavuka kwabafuleyo, nesethembiso sikaMoya oNgcwele
sikubusise ukuze ube yibusiso nakwabanye manje nanjalo nje.

Amen

IZINTO EZINGENZIWA NGESIKHATHI SENDALO

1. Tshala izihlahla

Septembe inyanga yokutshala kanti yisikhathi esihle lesi sokutshala izihlahla, esontweni noma ekhaya. Yinindaba pho ungatshali isihlahla ngombabathizo, umqiniso, usuku lokuzalwa, usuumshado noma ekukhumbuleni abathandiwebethu abangasekho emhlabeni. Ungathala izihlahla ezahlukenene zendalo yonke Kanye Enezizithelo.

Umthandazoo wokutshala izihlahla

Mdali wempilo nomgcini wembewu Kanye nenhlabathi, izihlahla nezimbali, wadala lomhlaba nacho konke okuphila kuwo. Siza kuwena ngalomkhuleko wokuletha nokubusisa, ngoba uwena umnini mandla onke futhi nomgcini wezimpilo zonke. Sengathi lesisihlahla singasabalala emhlabathini futhi zande nezimpande zazo sikhule singamagatsha amahle ukuze sibe ubufakazi bothando lwakho. Egameni lomdali, noMlondolozo Kanye nomhlengi.

Amen

2. Ukunakekela ubuhle bendalo

Yenza inkonzo ngaphandle hayi esontweni lapho abantu bezobona futhi bathokozele ubuhle bendalo kaNkulunkulu. Izinkonzo ezahlukehlukenene zingenzelwa ezindaweni ezahlukehlukenene: Ehlathi, entabeni ect. Uma lokhu kunzima ukukwenza, ungayenze inkonzo yakho emnyango mase ungena ngaphakathi ngesikhathi sesidlo.

3. Inqunquthela yokuhlazeka: Cabanga ngokwenza inkonzo yokuhlazululwa ukuze kubuyiselwe umhlaba owonakele. Thatha imigqomo kadoti niqoqe yonke indawo esondelene nesonto.

4. Ukubukisiswa kwemvelo: kala amanzi, ugesi nephepha okusetshenziswa esontweni. Cabanga ngokusebenzisa amaglobhu onga ugesi. Gcwalisa isigubhu esingango 2ltr ngamanzi uwabeke endlini yangasese. Lungisa impompi abavuzayo.

5. Ukutshalwa ingadi: Gqugquzela amalunga ebandla. Yenza inkonzo yokubusisa izimbewu ngenwasahlobo, ucele isibusiso sikaNkulunkulu ezingadini. Ngengakhi izitshalo sezilungele ukuvunwa yenza inkonzo yokuqala yokubonga uNkulunkulu ngezivuno. Indawo engasebenzi esemagcekeni eSonto ingaphendulwa izingadi.

*For more information contact the ACSA Environmental Network, Green Anglicans info@greenanglicans.org
Facebook Green Anglicans. Website www.greenanglicans.org*